

Publication: Isolezwe (Sport)
Publication Date: 24 Apr 2017
Page: 31

AVE: 34484.21
Circulation: 90724
Part: 1 of 1



**UROGER Sikhakhane ongumqeqeshi weThanda Royal Zulu okuvela ukuthi uzoqhubeka nokuyiqeqesha noma seyidlala esigabeni esiphezulu**

Isithombe: BACKPAGEPIX

# Owe-Royal Eagles ezinhlelweni zeThanda

**MINENHLE MKHIZE**

ISIKHULU seThanda Royal Zulu uJomo Biyela sigaqele isibabuli somdlali weRoyal Eagles, uRaymond Monama.

Amabhubesi aqhwakele ku-log yeNational First Division (NFD) ngamaphuzu angu-50 emidlalweni engu-25. Njengamanje kubukeka kuzoba nzima ukuthi kube neqembu elizowagudluza esicongweni. Ukudla umhlanganiso kweThanda kuzoyifaka esigabeni esikhulu i-Absa Premiership.

Ngempelasonto idlale ngokulingana ngo 0-0 neRoyal Eagles eHarry Gwala Stadium, eMgungundlovu.

Exoxa ne*Solezwe*, uBiyela ukusho kwagcwala umlomo ukuthi bafuna ukusayinisa uMonama we-Eagles.

"Angingabazi ukuthi iThanda iyona ezoba ngompetha beNFD. Lokhu ngiyaqala ukukusho. Ngabe ngiqamba amanga futhi uma ngingathi asikaqali ukubheka abadlali esizoqinisa ngabo iqembu. Sesiqalile ukubheka abadlali asibafunayo. Ngizokusho ngingahlonizi nje lokho, kungabe siyenzela phansi iThanda uma ngingahluleka wukushela uMonama ukuthi abe yingxenye yeqembu leThanda ngesizini ezayo. Isipiliyoni siyasidinga kodwa asifuni ukusayinisa abadlali asebezothatha izimpesheni," kusho uBiyela.

NgeSonto ngo-3 ntambama iThanda izodudulana neMagesi FC eMhlathuze Sports Complex, eRichards Bay emdlalweni weligi olandelayo.

"Umqeqeshi (Roger Sikhakhane) wenza umsebenzi oncomekayo. Uxhumana kahle nabadlali. Okumnandi wukuthi useyazi ukuthi yikuphi lapho efuna ukuqinisa khona iqembu lakhe. Sisazimisele ngokuqhubeka nokusebenzisana kahle nomqeqeshi kule minyaka eminingi ezayo," kusho uBiyela.

Ekuqaleni kwesizini kuke kwaba nezinkulumo zokuthi uSikhakhane usebenza kuThanda ngaphandle kwenkontileka kodwa kwabuye kwavela ukuthi indaba yakhe isilungisiwe.

"Ngeneme ngokufinyelela esibalweni samaphuzu angu-50. Ngidumele ngokuthi ngemuva kokudlala kahle kangaka asizange siwathole amaphuzu amathathu. Njengamanje sesidinga ukunqoba imidalo emibili ukuze sifinyelele emaphuzwini angu-56. Awukho umdlalo esizowuthatha kancane kule esele. Kithina yonke imidlalo iyafana. Abadlali nabo ngeke bazikhukhumeze ngoba bayazi ukuthi lokhu abakwenzayo abakwenzeli thina kodwa benzela imindeni yabo," kusho uBiyela.

Emidlalweni esele iThanda izodlala neMagesi, Cape Town All Stars, FC Cape Town, Stellenbosch FC neReal Kings.

"U-90% wabadlali abenze umsebenzi oncomekayo sizobagcina eqenjini. Isikwati sethu sakhiwe ngabadlali abangu-28. Laba abanye ngeke sibachithe kodwa bazoyibamba eqenjini lethu leMultiChoice Diski Challenge ngoba basengaphansi kweminyaka engu-23," kusho uBiyela.

**I-lOG yeNational First Division:**

| Amaqembu | P | W | D | L | GF | GA | Pts |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Thanda | 25 | 13 | 11 | 1 | 42 | 19 | 50 |
| AmaZulu | 25 | 12 | 5 | 8 | 42 | 31 | 41 |
| Leopards | 24 | 11 | 7 | 6 | 36 | 29 | 40 |
| Stellenbosch | 25 | 11 | 7 | 7 | 31 | 25 | 40 |
| Eagles | 25 | 10 | 7 | 8 | 46 | 37 | 37 |
| Spurs | 25 | 10 | 7 | 8 | 32 | 31 | 37 |
| Mthatha | 25 | 8 | 12 | 5 | 35 | 31 | 36 |
| Kings | 25 | 9 | 8 | 8 | 34 | 28 | 35 |
| Mbombela | 25 | 9 | 7 | 9 | 33 | 26 | 34 |
| Tuks | 25 | 9 | 5 | 11 | 29 | 37 | 32 |
| Cosmos | 23 | 8 | 7 | 8 | 25 | 24 | 31 |
| All Stars | 24 | 5 | 11 | 8 | 18 | 25 | 26 |
| Milano | 25 | 8 | 2 | 15 | 30 | 49 | 26 |
| FC CPT | 25 | 5 | 10 | 10 | 30 | 42 | 25 |
| Magesi | 25 | 6 | 7 | 12 | 25 | 37 | 25 |
| Santos | 25 | 3 | 9 | 13 | 14 | 32 | 18 |

**Imiphumela yemidlalo yeNFD:** Milano United FC 0-4 Mbombela United; Royal Eagles 0-0 AmaZulu; Magesi FC 3-0 FC Cape Town; Mthatha Bucks 1-2 Witbank Spurs; University of Pretoria 0-2 Stellenbosch FC; Santos 0-2 Real Kings; AmaZulu 3-1 Cape Town All Stars.







This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.